

NONHLAKANIPHO SHINGA

UHLOSE ukufundisa intsha ngokubaluleka kokusebenzisa umhlabathi ukuziphilisa umphakathi waseNtabamhlophe nowaseBuhlebuyeza, eNquthu, onodedangendla le bamasimu.

Le miphakathi ehlangane yasungula imifelandawonye, okuyi-Nhlanhlayentabamhlophe Agricultural Co-operative ne-Owamijama Agricultural Co-operative, ithathwa njengesibonelo esihle kuMasipala wesiFunda, uMziNyathi, oholwa nguMnu Petros Ngubane, oyimeya.

Isukumile yayocela uxhaso eMnyangweni wezoLimo KwaZulu-Natal, okuvela ukuthi yiwona ocele ukuba kungenelele uMasipala waseMziNyathi.

ILANGA lihlangane namalungu awu-19 eNhlanhlayentabamhlophe atshale ummbila endaweni engama-hector awu-40, athe kuwadumazile ukuthi kawakwazanga ukuhlanganisa ama-hector awu-50 njengokuhlela kwawo, kodwa apha-zanyiswa yisimo sezulu.

"Siqale le nhlangano ngo-2016 ngoba singafuni nje ukuhlala sigogqezisa izandla, silindele usizo kuhulumeni."

"Ngenxa yokuthi indawo yethu inamasimu amaningi futhi nommbila umila kahle kuyona - yize ibuye ihlaselwe nyisomiso - sithe uma sicabanga, sabona kungaba kuhle ukuthi ingahlali nje ingalinyiwe," kusho uSihlalo Nhlanhlayentabamhlophe, uMnu Bernard Swelumbuzeli Khumalo.

Uthi emuva kokuxhumana nomnyango wezolimo, wona ubaxhumanise nomasipala ofezekise amaphupho abo.

"Umasipala usilethele ugandaganda ofike wayilima yonke le ndawo engama-hector awu-50, wasinika imbewu, umuthi wokubulala ukhula, amageja nokunye okuningi ebesikudinga ngesikhathi sisaqala.

Ngemuva kokutshala ngogadaganda, kutha uma sekufika isikhathi sokuhlakula kwadingeka ukuba sikwenze ngezandla zethu yonke le ndawo ngoba isimo sezulu besisibi ngendlela eyisimanga, singakwazi ukusebenzisa umuthi wokhula," kusho uMnu Khumalo.

Okuqaphelekayo kule nhlangano wukuthi kayikho intsha yize amalungu ayo ethi kuye kuthi uma esexakelile, umsebenzi usungaphezu kwamandla, alande izingane zawo ukuba zilekelele.

UNkk Nokwazi Ntshangase (51), oyisakhamuzi saseNtabamhlophe, uthi yize bengakaqali ukwenza imali - kwazise lesi yisivuno sabo sokuqala, kodwa okumjabulisa

Baxosha ikati eziko ngokuzihlanganisa nezolimo

Umasipala ubaxhase ngogandaganda nangezimbewu zokutshala



AMALUNGU omphakathi ejabulela isivuno sokuqala njengoba sekumele eqale ukuvuma ummbila owomile szowudayiselwa inkampani ekhiqiza imphuphu. Lapha athathwe neMeya yaseMziNyathi, uMnu Ngubane, ofake izibuko.

IZITHOMBE: ZITHUYELU

kakhulu wukuthi bona njengabantu abadala bayisibonelo esihle entsheni.

"Intsha izobona kithina ukuthi ngempela ukusebenza kanzima kunemiphumela emihle. Namanje uma ngimile ngibuka la masimu angaka, kangikholwa wukuthi yimisebenzi yezandla zethu. Ngiyafisa-ke ukuthi intsha isijoyine, ikakhulukazi le ehleli emakhaya, engasebenzi," kusho yena.

Induna yendawo, uMnu Mjumeni Buthelezi, ithi njengomholi womphakathi kuyayjabulisa kakhulu ukuthi kube nohlelo olunjengalolu. "Ummbila wabo kawubiyelwe,

bahlushwa kakhulu yimfuyo nezigilamkhuba ezingamavila angafunanga ukusebenza ngesikhathi besasebenza, ziyaweba ummbila," kusho uMnu Buthelezi. Okwehlukile nge-Owamijama wukuthi yona ihlanganise imindeni ewu-40, okuyintsha nabadala - itshale ubhontshisi endaweni ewu-70 hectors.

Unobhala wayo, uNkz Veliile Nonhlanhla Biyela (35), uthi bahlalile bewumphakathi babona kunesidingo sokuqizalela into okuzobangetyayo, kwazise besekubhidlange ubugebengu nobubha endaweni yabo.

"Amathuba emisebenzi mancane kakhulu, ngakho-ke abantu abaningi kabenzi lutho, banesikhathi esiningi sokuganga. Ngonyaka odtule sihlanganile sacobelelana ngolwazi ukuthi singawasebenzisa kanjani amasimu angaka esinawo abengenzi lutho.

"Njengamanje sinomhlaba owu-200 hectors okungowomphakathi, esifuna ukuthi wonke sitshale kuwona ukuze sihlomule sibe balingi," kusho yena.

Omunye walo bhontshisi abawutshalile sebewuvunile bawudayisa. Imali abayenze lapho bayibeke ebhange. "Sikhetha isivuno

sekhetelo sisidayise, kuthi esingagculisi kahle sihlukanisela sonke njengemindeni," kusho ye Uthi okuhle kule nhlangano yabwukuthi kukhona nentsha ngoba bafuna ukuba iwufunde lo msebenzi.

UMnu Ngubane uthi: "Ngisho izimo zezulu zingahambisani nal bayaqhubela bazikhandle. Siyafike ukuthi nakwezinye izindawo nezigodi kube nje, kungabi ngezi ngaphansi kukaMasipala waseMziNyathi kuphela."

Uthi umasipala uzibophezele ukuthi lo mhlaba lezi zinhlangar ezitshala kuwona ubiyelwe.